# *Ukusondela Okuhlinzekwe NguNkulunkulu ENhlanganyelweni YobuNkulunkulu*

Baba wethu waseZulwini, siza eBukhoneni baKho bobuNkulunkulu kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesu, iNdodana yaKho ethandekayo, sizinikela thina uqobo, Nkosi, kuWe njengemihlatshelo ephilayo, sizinikela thina ngokuphelele embangeleni yaKho naseVangelini laKho elikhulu ngalolu izinsuku zokugcina, njengamakholwa ePentecostal, njengomkhonzi kaNkulunkulu Oyedwa weqiniso nophilayo.

2 SiKubonga kanjani namhlanje ukuthi Usenzele isiPhephelo esikhathini sokuhlupheka, umbhoshongo esingagijimela kuwo futhi siphephe! Lapho iziphepho zidlanga, nemimoya iphakeme, umbani ubaneka, nokho, singaphumula impela nje esithembisweni sikaNkulunkulu, njengengane ibiyozizwa iphephile ezingalweni zikanina. Sijabula kakhulu ukuba nalokho.

3 SiyaKubonga ngalenhlanganyelo yeVangeli eligcwele yalabosomabhizinisi, ngokuma kwabo osukwini lokugcina lokuhlanganisa uMzimba weNkosi uJesu ndawonye. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi lengqungquthela izovuka njalonjalo size sibone ukuFika kweNkosi.

4 Sikhulekela uMfowethu Oral Roberts, inceku yaKho edumileyo. Futhi njengoba singena kulesisakhiwo kulobubusuku, futhi sibone ukuthi ukukholwa kwendoda eyodwa kungenzani, siyaKubonga ngayo, Baba. Futhi sikhulekela ukuthi Uzobusisa inkonzo yayo, nomaphi lapho iya khona nalokho ekwenzayo, kwangathi kungaphumelela ezandleni zaKho.

5 Busisa wonke umfundisi olapha, bonke abantwana bakaNkulunkulu. Thulula uMoya waKho phezu kwethu kulobubusuku, futhi usiqondise futhi usingenise e—enhlanganyelweni enkulu ngokwedlulele esake sayazi ngaphambili noJesu Kristu. Siphe khona, Nkosi, ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, nangenxa yaKhe. Amen.

6 Ngifuna ukuthatha indaba, kulobubusuku, yokuthi *Ukusondela Okuhlinzekwe NguNkulunkulu ENhlanganyelweni*

*YobuNkulunkulu*, ngithathe lokho kube yindaba, uma ngingakubiza kanjalo. *Ukusondela Okuhlinzekwe NguNkulunkulu ENhlanganyelweni YobuNkulunkulu.*

7 Usuku lonke gulukunqu, ngi . . . yonke into ibibonakala yehlukile, ngalolusuku oluthize. Angazi, kubukeka sengathi, kukhona izikhathi ezinjalo ezifika empilweni, lapho abantu beqala nje ukubona izinto ngokwehlukile kancane kunalokho abake bazibona. Lolu bekukade kuwusuku olungavamile, isimo sezulu sibonakale ngisho sixakile, bengiqaphela, mayelana neBhayibheli lami lokuqala engake ngalazi kwakunguMama-Mvelo omkhulu. Uma nje uzolandela lokho, ungeke ube kude kakhulu emgwaqeni, ubhekisisa imvelo, ukuthi isebenza kanjani. Kwakuyilokho, okwangiholela kuNkulunkulu, ngazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, ngiqaphela imvelo.

8 Ngangehla entabeni, ngibuka phandle phezu kweChibi i-Umbagog elihle, eliholela ngaphandle eMfuleni i-Androscoggin, ngaqaphela amarobini onke abonakala ehlangana ndawonye futhi enikeza amaculo azo amancane atshiyozayo. Kanye ngasikhathi, wawuzwa ukuthimula okuvela enyamazaneni idiye yesilisa, futhi kwakubukeka sengathi ayelungiselela into ethize, kwakuza ubusika, futhi ayelungiselela ukuya egcekeni.

9 Lapho ngilima ngehla ngesikhotha ukuhlangana nomngane wami lapho esasipake khona isikebhe esigwedlwayo, kwakukhona . . . wayehlezi ogodweni, elindile. Futhi ngaqaphela phandle eChibini i-Umbagog iqulu elikhulu kangako lamadada, angikaze ngibone amaningi kangako, nhlobo, empilweni yami, noBert, umngane wami, wathi, "Uthini ngalokho, Billy na?"

10 Ngathi, "Awu, alungela ukundizela eningizimu." Ngathi, "Yingalesosizathu ilanga lishona kulentambama, uqaphelile ukuthi kanjani, ngaphambi kokuba lilunguze phezu kwentaba, ukuthi belibukeka kanjani libomvu kakhulu na? Lilungiselela ukukhithika, Bert, nolunye uhlobo lokuzibonela ngokwemvelo okukhethekile uNkulunkulu alufake empilweni yesilwane, ukulungela, ukulungiselela ukunyakaza, isikhathi sokundiza siyafika." Ngathi, "Uziqaphelile izinyoni namhlanje, nama—amarobini, kanjalonjalo na? Alungela ukundiza kwawo kwasebusika, futhi. Izinyamazane amadiye zilungela ukuya egcekeni, ngenxa yokuthi kuza isiphepho."

11 Futhi lapho sicwilisa izigwedlo zethu echibini futhi saqala ukwehla, ngikholwa ukuthi onke amadada onke phansi naphezulu eMfuleni i-Androscoggin ayengene eChibini i-Umbagog elungiselela ukundiza, nakho konke ukukhala, kuphela njengoba amadada engenza, eqhubeka nje, noBert wathi, "Ucabanga ukuthi akhuluma ngani, Billy na?"

Ngathi, "Anesikhathi esincane senhlanganyelo ngaphambi kokundiza."

12 Kwase kuthi-ke, lapho lomngane wami oyiNdiya nami sehla ngomfula siya ekamu lethu elithize, nenyanga iqala ukuphaphatheka, njengoba sasazi ukuthi isiphepho sasizongena, izigwedlo zethu ziqala ukushaya okuncane emanzini ngaleyonkathi, lapho amagagasi eqala ukuphakama, ngacabanga ngalokhu: "Impela, ngesinye isikhathi ngaphambi kokuba sindize siyoba nesikhathi senhlanganyelo, lapho onke amabandla engahlangana ndawonye enkundleni eyodwa futhi onke abe nesikhathi senhlanganyelo ngaphambi kokuba sindize."

13 Futhi iminyaka yedlula, nganginguumelusi wendawo oyiBaptisti ngalesosikhathi eJeffersonville, futhi—futhi njengoba iminyaka yedlula, ngingena kuleFull Gospel Business Men's Fellowship, khona-ke ngiqala ukuqaphela ukuthi babeyoyisebenzisa kanjani imali yabo, futhi bahambe izindawo ngezindawo futhi bahlangane esizweni sonke, yebo, nezwe, futhi lapho behlangana ndawonye, kwakungekho mehluko phakathi kwabo. Babengemunye, bethi, "Ngingowalombuthano othile," nomunye, umbuthano othile. Bonke babenezinto abahlanganyela kuzo. Ngakho ngacabanga ukuthi lokho kufanele ukuthi kwakuyilokho engangicabanga ngakho ngalobobusuku, ngenhlanganyelo, ukuhlangana ndawonye ngaphambi kokuba indiza iqale.

14 Manje, ngibaqaphelile lapho, kulo omkhulu, umnyakazo wePentecostal, kwakungabonakali kukhona ukulahlwa phakathi kwabo. Uhlangana nabo egumbini lasehhotela, bayogaxana ngezingalo zabo ngqo ebusweni bo—bomuntu odumileyo, kumbe noma ngabe kuyini, futhi bagonane, futhi badumise iNkosi, futhi bakhale isikhashanyana, futhi bamemeze isikhashanyana, futhi nje benze njengoba benza noma yikuphi kwenye indawo, futhi ngacabanga, "Uyazi, lokho kuyikho ngempela, lokho ngukuthi, kukhona okuthize ngalokho," abesifazane, ngokufanayo. Kwabonakala nje kuyinhlanganyelo enkulu.

15 Futhi ngamangala, "Ngiyamangala ukuthi yini ebangela lokho, futhi kungani sonke singeke sakwenza lokho na? Kungani kungukuthi bonke abantu, zonke izidalwa ezingabantu, zingakwazi ukuzwa ngaleyondlela na? Akukho ukulahlwa, ngokukhululeka nje njengoba ungaba njalo." Ngacabanga, "Awu, kungani wonke umuntu engeke abe ngaleyondlela na?"

16 Manje, ngikholwa ukuthi singakwazi, kodwa kukhona . . . Nesizathu sokuba senze lokho kuqala yingenxa yokuthi kukhona into ethize empilweni yomuntu efisa lokho, into ethize ekubizayo.

17 Namhlanje endizeni, ngivela eLouisville ezansi lapha, Ngi . . . kungithathe amahora amabili nohhafu okundiza, kungithatha usuku lonke ukukwenza, izindiza

ezibambezelekile. Futhi mhlawumbe uNkulunkulu ubenesandla kukho. Ngenkathi ngigibela eLouisville, bekukhona intombi engene endizeni yayisihlala phansi eduze kwami, yayisithi, "Awunankinga uma ngingahlala lapha na?"

Ngathi, "Lutho nhlobo." Futhi lapho siqhubeka, babephaka isidlo sasemini endizeni, futhi ngakhuleka.

Futhi yathi, "Ungumfundisi na?"

Ngathi, "Yebo, mem, nginguye."

Yayisithi, "Ngiyikholwa, nami." Futhi yangitshela ngehlelo layo elithize.

Ngathi, "Kuhle lokho."

18 Futhi ngaqaphela ukuthi besinepaki elincane losikilidi endizeni, futhi ngabhekisisa ukubona ukuthi beyiyokwenzani ngalo. Ngakho kwathi nje idina seliphelile, iqala ukuqaqa lelopaki likasikilidi, futhi yaphuthaza owodwa kancanyana, yase iwuhlohla emlonyeni wayo, futhi yabuye yawubeka phansi futhi, futhi emva kwesikhashana yawokhela. Yathi, "Awunankinga uma ngibhema na?"

Ngathi, "Awunankinga uma ngikutshela ukuthi nginenkinga na?" Ngathi—ngathi, "Ngi—ngi—nginenkinga, ngoba . . . "

Yathi, "Ngani na?"

Ngathi, "Angiqondi ukuthi kungani elihle, inenekazi elincane elinobuntu onabo beliyodingeka lenze into enjengaleyo."

Yathi, "O, ngithola ukwaneliseka kukho."

19 Ngathi, "Lokho kuphela kungukweneliseka okuyisibambiso. Uma nje ubuyothatha lokho engikutshela khona, futhi ubungaphendulela impilo yakho ngokuphelele kuNkulunkulu, kukhona *into ethize* oshoda ngayo, futhi uzama ukwenza osikilidi bagcwalise lokho kulangazelela okusenhliziyweni yakho, ukunika ukwaneliseka okungamanga, okuzokunika umdlavuza masinya noma kwehlise isithunzi umzimba wakho, futhi uzobe usuhambile."

20 Futhi ngathi, "UNkulunkulu wenza umuntu ukuba ome, ukomela Yena, bese kuthi-ke uma bengakwemukeli lokho, khona-ke udeveli ubanika umqondo wamanga wenjabulo, futhi bazama ukukwenelisa ngezinto zezwe."

21 Yayenze cishe ukudonsa okuncane okubili kusikilidi, yathi, "Ngineminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala," yathi, "isoka lami elingithembisile linamashumi amathathu nambili." Yathi, "Wangitshela, sengibe phesheya kwezilwandle izinyanga ezintathu, langincenga ukuba ngingabe ngisabhema." Futhi yathi, "Kungokokuqala ukuba ngibheme, ngikhumbule indiza." Futhi yathi, "Mnumzane, ngithatha lesisithembiso

manje," yakhipha usikilidi, wathola . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

22 UNkulunkulu uyathanda ukuhlanganyela nesidalwa saKhe. Ensimini yase-Edene siyatshelwa, ukuthi ngenkathi umuntu ehamba ngobuqotho bukaNkulunkulu, UNkulunkulu wehla ngokuphola kwakusihlwa futhi wahlanganyela nabantwana baKhe. Khona-ke, ngolunye usuku kwabakhona iphimbo elakhuphuka eBukhoneni bukaNkulunkulu, lase lithi, "Labo, abathandekayo baKho, abantwana baKho, uwile, futhi bonile futhi benze lokho okwakungalungile."

23 Niyazi, uNkulunkulu akakhethanga nje iNgelosi ethize ukuba yehle futhi ibuke ngale ukuze ibone ukuthi bekunjalo noma qha, noma iKherubi elithize lamaZulu, kodwa uNkulunkulu wafika qobo lwaKhe, ememeza, "Adamu, uphi na?" UNkulunkulu, qobo lwaKhe, uza ekhalela umntwana waKhe olahlekile. Ngenkathi Emthola ecashe ezihlahleni, emva kwamaqabunga omkhiwane athungiwe, Wathi, "Utshelwe ngubani, ukuthi ubuhamba-ze na?" Futhi wayengeke aphume futhi abe nenhlanganyelo noNkulunkulu.

24 Manje, uma kukhona inhlanganyelo yeqiniso . . . Futhi uNkulunkulu uluthando, futhi uthando lufuna inhlanganyelo. Njengezithandani ezisencane, lapho umfana ehlangana nentombazane, futhi uthi kuyo . . . ucabanga ukuthi yinhle kakhulu, futhi—futhi iyamthanda, bafuna ukuba nenhlanganyelo, inhlanganyelo yangempela. Kodwa ngaphambi kokuba babe nalenhlanganyelo, kufanele kube nesivumelwano, ngaphambi kokuba bangene emshadweni, ifindo lomshado, kufanele kube nesivumelwano salenhlanganyelo ethize. Futhi kusekelwe phezu kwezivumelwano zokuthula zezithembiso zabo komunye nomunye, bese-ke kuba yifindo lomshado ongcwele, bese-ke singena enhlanganyelweni yempilo yonke. Kodwa ngaphambi kokuba singene kuleyonhlanganyelo, kufanele kube nesivumelwano kuqala.

25 Futhi ngenkathi inhlanganyelo yephulwa phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, kwakufanele kube nohlobo oluthile lwesivumelwano, uhlobo oluthile lwamalungiselelo ukubuyisela futhi leyonhlanganyelo elahlekile. Futhi uNkulunkulu walithola icebo, futhi lalingegazi lesisulu esingenacala ukuthi uNkulunkulu wabuyisela umuntu emuva enhlanganyelweni naYe futhi.

26 Kube nezibambiso eziningi ezizanyiwe, u-Adamu wakuzama, sizame ukufundisa abantu ngakho, sizame zonke izinhlobo ezehlukene, kodwa akukho lutho olubuyisela umuntu enhlanganyelweni noMenzi waKhe ngaphandle kweGazi leNdodana yaKhe, uJesu Kristu. Yikhona kuhlawulela uNkulunkulu anakho, yiGazi.

27 Isisulu esingenacala safela umuntu onecala, owabuyisela inhlanganyelo kuNkulunkulu nomuntu futhi, khona-ke u-Adamu, embozwe yileligazi, wayengama eBukhoneni bukaNkulunkulu futhi akhonze futhi. O, ngiyakuthanda lokho! Kukhona okuthize ngakho, lapho ukhuluma ngegazi! Igazi linokuphila. Ngaphandle kokuchitheka kwegazi akukho ukuthethelelwa kwezono.

28 Ungaba nakho konke okusezweni, ungaba nanoma yiluphi uhlobo lwento ofisa ukuba nayo, noma iyiphi into yokukhonzwa, noma yisiphi isivumokholo ukuphila ngaso, kodwa awusoze wangena enhlanganyelweni, inhlanganyelo yobuNkulunkulu noNkulunkulu, uze kuqala ungene ngaphansi kweGazi. Lokho ngengcwele kaNkulunkulu, nemisiwe, nendlela ehlinzekiwe ukwenzela izidalwa ezingabantu ukuba zihlanganyele naYe, ngeGazi leNdodana yaKhe, iNkosi uJesu Kristu. Lelo kwakuyicebo likaNkulunkulu, kuseyicebo likaNkulunkulu, kuyoba yicebo likaNkulunkulu kuze kube phakade, alikho elinye icebo kodwa ngokuchitheka kwegazi.

29 ITestamente eLidala, ohambweni, u-Israyeli esuka ezweni labo lendabuko, ewela, noma ephuma eGibhithe, njalo, beya emazweni abo endabuko, endleleni yabo ngapheseya, uNkulunkulu wenza ukulungiselela ngegazi.

30 Sifuna ukucabanga manje esahlukweni 19 sikaNumeri, UNkulunkulu watshela uMose no-Aroni, "Hamba, uthathe isithokazi esibomvu," manje, uphawu lokubomvu, izikhathi eziningi ngumbala omubi noma ingozi, kodwa okubomvu futhi kusho ukubuyisana, "hamba uyolanda isithole esibomvu, sibomvu sonke, kungekho-bala kuso." Sasimele, kusobala, uKristu. Futhi lesi sithokazi asifanele neze sibe nejoka entanyeni yaso. Uma sake saboshelwa ejokeni, khona-ke si—siyalahlwa, asifanele siboshelwe ejokeni nezwe.

31 Lingaleyondlela iBandla namhlanje. UKristu, ngenkathi Efika, Akazange Azibophe ejokeni nezwe, Wahlala noNkulunkulu, futhi Wayengaboshelwe ejokeni nezwe. IBandla elikhonza uNkulunkulu namhlanje, liboshelwe ejokeni noKristu, phansi kweGazi.

32 Khona-ke sithola ukuthi lesisithokazi sasizobulawa ngesikhathi sokuhlwa ebukhoneni balo lonke ibandla. U-Eleyazare wayezobamba igazi lalo phezu kweminwe yakhe, futhi ahambe aye ngasemnyango wetabernakele, bese befafaza igazi kasikhombisa, noma ngenye indlela, abeke imisho eyisikhombisa phezu komnyango webandla. Khona-ke isithokazi sasifanele sishiswe, izinselo, izimpondo, isikhumba, inyama, nakho konke. Futhi kulokhu ukushiswa kwesithokazi, lalifanele lixutshwe ngehisopi (*Ihisopi*, ngikholwa ukuthi igama elingcono lalo, libizwa ngaleyondlela.), ihisopi, isembatho esibomvu, nomsedari.

33 Manje, isembatho esibomvu emBhalweni kwakunguboya obuthathwe emhlane wenqama obabudaywe baba bomvu, kumele iWundlu elahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, kwakufanele kuxutshwe kulokhu, ngoba lokhu kwakuyoba ngamanzi okwehlukanisa ukuhlanza umkhonzi ongcolile, ukuze ethulwe eBukhoneni bukaNkulunkulu.

34 Sisekela ini na? Sizama ukuthola eyangempela, indlela yeqiniso enhlanganyelweni yangokoqobo noNkulunkulu. Sizame ukwenza zonke izinhlobo zezinto ukukwenza, ukufundisa, ukuhlela, kodwa linye kuphela icebo lobuNkulunkulu, lelo yiGazi. Ngaphandle kweGazi akukho nhlanganyelo, akukho ngisho nokuhlanzwa kwesono size thina sifike eGazini.

35 Manje qaphelani, khona-ke lobuboya, obudaywe baba bomvu, bumele inqama ka-Abela ayinikela ebhlokweni yetshe ensimini, ngaphandle kwensimu yase-Edene ngenxa yezono zakhe, ngenkathi ethatha ikhanda layo elincane, futhi waligodla, futhi waligenca ngesiqephu sedwala, angicabangi ukuthi babenemimese noma imikhonto ngalolosuku, futhi wagenca umphimbo walo omncane, kwaze kwaphophoza igazi kuwo wonke uvolo wayo omncane, futhi lafa likhala, likhala.

36 Kwakufanekisa iNdodana kaNkulunkulu, eminyakeni eyizinkulungwane ezine kamuva, ilenga esiphambanweni, yopha, Amagoda aYo, opha, futhi Yayifa, ikhala, "Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?" Leso kwakuyisembatho esibomvu esafakwa emanzini okwehlukanisa.

37 Bese kuthi-ke ukhuni lomsedari, ukhuni lomsedari lubomvu phezu komhlophe. Okubomvu ngokubomvu kwenza okumhlophe, ubuka ngento ebomvu entweni ebomvu, ikwenza kube mhlophe. Isifanekiso, ukuthi lapho uNkulunkulu ebuka ngeGazi elibomvu leNdodana yaKhe, iNkosi uJesu, ezonweni zethu ezibomvu, ezibomvu tebhu, ziba mhlophe njengeqhwa. "Ngigeze eGazini, futhi ngizoba mhlophe njengeqhwa." Ayikho enye into obungake ube nayo. Ngiyalithokozela iculo elidala leSalvation Army:

> O, kuyigugu ukugeleza,
> Okungenza ngibe mhlophe njengeqhwa;
> Awukho omunye umthombo engiwaziyo,
> Lutho kodwa iGazi likaJesu.

38 Lowo nguMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli, lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala, zilahlekelwa yiwo onke amabala azo ecala.

39 Okubomvu ngokubomvu, bese-ke kuba yihisopi: Ngitholile, ngifunisisa ukubona ukuthi yini ihisopi, ihisopi nje wukhula oluvamile olutholakala eGibhithe, kanti futhi lutholakala e—ePalastine. Futhi ngezinye izikhathi lumila ngaphandle

kwezindonga lapho uthuli. . .Lungoluvamile nje, ukhula olujwayelekile, idlebe elincane kulo nencane, imbali emhlophe.

40 Nehisopi lalisetshenziselwa njalo ukufafaza igazi. Ngezinsuku zePhasika, uMose wayala ukuba kuthathwe ihisopi, bese uligcobhoza egazini, bese ulisaphaza ensikeni yomnyango nasemakhothameni, ukubhecwa kwegazi.

41 Futhi ihisopi, liwukhula nje oluvamile, kulamanzi amakhulu okwehlukanisa, lumele ukukholwa okuvamile. Ikholwa liza, akufanele kube ngokungaphezu kwemvelo, o, angazi-ini, uhlobo oluthize lomfo ofunde kakhulu kakhulu aze a—athole. . . wazi konke, ngaphezu kokwazi kukaWebster, futhi akadingeki ukuba abe noma yimuphi usiyazi omkhulu wezenkolo, ufanele nje asebenzise ukukholwa okuvamile, ihisopi, alicoshe noma yikuphi.

42 Futhi konke kwakuxutshwe ndawonye futhi kwashiswa. Kwase kuthi-ke kwagcinwa ngaphandle kwamagceke ukuthi ongcolile, ngaphambi kokuba angene enhlanganyelweni. . . Futhi khumbulani, uNkulunkulu wayekwenza njalo, futhi akasoze nayiyiphi enye indawo, kodwa ahlangane nomuntu phansi kwegazi. Yileyondawo kuphela onenhlanganyelo noNkulunkulu ngayo ingaphansi kweGazi, usondela kuphela uze ufike kuleyondawo.

43 Wonke u-Israyeli wabuthana lapho iwundlu lomhlatshelo labulawa khona, futhi phansi kwalelogazi babenenhlanganyelo, ngaphandle kwegazi, kwakungekho nhlanganyelo. Bekuhlala njalo kuluhlelo oluhlinzekwe nguNkulunkulu lokuhlangana nomuntu phansi kwegazi, yingenxa yokuthi Ubuka umuntu ngegazi futhi ambone emhlophe, ngaphandle kwalokho, uyisoni. Lutho, ubungeke uzihlanze, ayikho into ongake uyenze ukuba uzenze ubengcono. Ungeke wenza izinguquko, kanjalonjalo, wenze okukodwa. . .Njengengwe nje izama ukukhotha amabala ayo asuke kuyo, iwenza nje akhanye kakhulu.

44 Nayo yonke imibono yethu esizenzele yona ukuthi silunge nje njengendoda eseduze, asinjalo size sifike ngaphansi kweGazi leNkosi uJesu Kristu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kunjalo. Yileyondawo kuphela kaNkulunkulu yokuhlangana nomuntu, phansi kweGazi.

45 Khona-ke ngenkathi u-Israyeli efika endaweni yokukhonzela, bonke behamba. . .nomuntu ongcolile eza kuqala, wayefanele eze emagcekeni angaphandle. Futhi leligazi, noma, lamanzi okwehlukanisa, abizwa ngeTestamente eLisha, sigezwe ngaManzi eZwi. AManzi oKwehlukanisa yiZwi likaNkulunkulu. Ukukholwa kuvela ngokuzwa. Nalendoda ingena yafafazwa ngalamanzi okwehlukanisa.

46 Khona-ke njengesoni singena futhi silalele iVangeli, siqala ukuqonda ukulahlwa. Siyisoni, siyaqonda ukuthi kulamanzi okwehlukanisa kukhona okubomvu, ukhona owasifelayo,

isibambiso esingenacala, ukusingenisa enhlanganyelweni nasebudlelwaneni noNkulunkulu futhi. Sakuqonda, ukuthi siphumile endleleni ngokushunyayelwa kweZwi. Ngisho lokhu: Ukuthi iVangeli, nokho ebululeni balo, lashunyayelwa ngamandla eGazi, liyikhadi elidonsayo elikhulu kunawo onke izwe elake lalazi.

47 Izizwe zilambele namhlanje amandla. Ngibonile esikhathini esithize esedlule lapho upetroli othize, ngaphansi kwesimo esithize sesimiso esithize, bekuyophakamisa iKhanda lebhubesi elikhulu elibazwe ngetshe lisuke phansi ngamafidi amabili, futhi babeqhosha ngopetroli wabo.

48 Ngangifunda iphephabhuku endizeni, ngase ngilijikijela emuva, ngase ngithi, "Yebo, kodwa akabongwe uNkulunkulu, ngazi Into ethize enamandla kakhulu kunalokho, ukuthi amaconsi amabili eGazi likaJesu Kristu azophakamisa isoni esilahlekile nesihambile, lisuse isifebe esitaladini futhi lenze ongcwele ngaso, likhiphe isidakwa emiseleni ngaphandle ngaleya futhi lenze ongcwele kaNkulunkulu, umshumayeli weVangeli."

49 Yilokho amandla econsi elilodwa leGazi leNkosi uJesu. Amen. Yilokho izwe elidinga ukukwazi, amandla namhlanje.

50 UNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe. Futhi ngenkathi oweZizwe, noma umuntu ongcolile efisa inhlanganyelo noNkulunkulu, into yokuqala ayefanele ayenze, kwakungukuza, kuqala, emanzini okwehlukanisa, bese-ke efafazwa.

51 Manje, lokho kwakumeleni noma kufanekisani na? Ikholwa namhlanje, umuntu ofuna ukukholwa, uza ebandleni, futhi alalele iVangeli: uKristu wafela izoni. Phakathi lapho, okubomvu, okubomvu tebhu, ihisopi khona-ke, usebenzisa lokho ngokukholwa okuvamile ukuthi u—ukuthi umntwana oneminyaka emibili ubudala angakusebenzisa. Kholwa nje eNkosini uJesu Kristu.

52 Kunokuningi kakhulu kwakho namhlanje, kubaningi kakhulu bethu, uma othile ethi, "Ngingenzenjani ukuba ngisindiswe na?"

"Yeka ukuqamba amanga kwakho, yeka ukweba kwakho, yeka ukubhema kwakho, yeka ukuphuza kwakho."

53 Ngikholwa ukuthi bafanele bakwenze lokho, nabo, kodwa lokho akuwuphenduli umbuzo wakhe, umtshela ukuthi *angenzi* ini, ufuna ukwazi ukuthi *enzeni*. UPawulu wathi kumgciniziboshwa waseFilipi, akazange amtshele ukuba "Phakamisa inkemba yakho, futhi wenze konke *lokhu*, *nokunye*," wathi, "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi uyakusindiswa, wena nendlu yakho. Kholwa, yiba nokukholwa."

54 "Ngingaba kanjani nalokho kukholwa, Mfowethu Branham na?"

55 Kulula nje njengokufinyelela, ukuthola ihisopi ukubheca igazi. Kholwa yikho ngokwakho, kholwa ukuthi uKristu wafela wena, kholwa ukuthi Wayengongenacala owafa endaweni yakho njengesoni, nonecala. Kuyafana nangokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ukukholwa okulula nje ukuMthatha eZwini laKhe. O, bazama ukukuxakanisa, bazama ukukwenza kube kukhulu kakhulu.

56 Yingakho kwaqubuka imvuselelo enkulu eNgilandi. Ibandla laseSheshi lalinakho kuxakile kakhulu, ngabafundile kuphela ababengakuqonda. Futhi uNkulunkulu, lapho ibandla lingena kulesosimo, UNkulunkulu njalo uthumela imvuselelo yobulula, futhi aphule into ibe yizicucu. Kunjalo.

57 Yilokho esikudingayo namhlanje ngubulula. Yilokho isizwe esikudingayo namhlanje ngubulula bokukholwa kuKristu ukuba bazinikele bona uqobo ngokungenabugovu ngayo yonke inhliziyo yabo, umphefumulo, nengqondo, nakho konke abayikho eNkosini uJesu. Kulula nje, awudingi ukufunda lutho nhlobo, kholwa nje ukuthi uJesu wafa ukukunika isibusiso, khona-ke kungokwakho ngokukholwa. Ngokushesha nje lapho ucosha ukukholwa kwehisopi bese ubheca igazi, kukhona okwenzekayo kuyo yonke inhliziyo yowesilisa, noma owesifazane, owenza lokho. Amen.

58 Ngizizwa ngikholwa khona manje. Yebo, mnumzane, ngoba ngiyazi ukuthi lelo yiqiniso. Uma kungisindisile, kuzosindisa noma ubani, iGazi likaJesu Kristu.

59 Lapha eminyakeni ethile edlule babenezinkolo zezwe zahlangana. Bengikufunda encwadini, babenaleliNenekazi Maccabee wase-Oklahoma, lapha, owaboshwa phandle lapha e. . . kungahle ukuba kwakuseTulsa, noma enye yalezizindawo. Wayegijima esitaladini, eshayela inqola endala esamoto, ebhema isigazu, ephula imikhawulo yejubane ngenqola endala esamoto.

60 Futhi ngenkathi bona, zonke izinkolo, izinkolo ezehlukene zavuka futhi basho ingxenye yabo yenkolo yabo, ukuthi yayinkulu kangakanani. Umpristi kaMohamede washo ukuthi inkolo yakhe yayinkulu kangakanani, uBuda washo ukuthi inkolo yakhe yayinkulu kangakanani, nomfundisi omncane othize, angilikhumbuli igama lakhe manje, wayemele inkolo yaseMelika, inkolo yobuKristu.

61 Futhi lapho esethole isikhathi sakhe emsamo, waxoxa indaba yalomkhulu, owesifazane ongcolile, ukuthi wayephansi kanjani kwaze kwathi ngisho abangabe besafuna ukusondela kuye ngisho nokusondela ngokwenele kuye ukuba bamgcobe ngetiyela futhi bamnameke ngezimpaphe, wayenesimilo esibi kakhulu, wayehliswe isithunzi kakhulu, kwakungekho lutho olwalungamsiza, wayesethi-ke, "Banumzane abahloniphekile bezinkolo zalelizwe, inkolo yakho ingaveza noma yini ebiyohlanza izandla zalomuntu othize omubi na?"

Wonke umuntu wahlala wathula, khona impela ekugcineni kwezihlalo zabo, akekho owasho lutho.

62 Khona-ke wagxumela emoyeni futhi wadazuluka futhi wakhahlela izithende zakhe ndawonye, wathi, "IGazi likaJesu Kristu alizukuhlanza izandla zakhe kuphela, kodwa liyohlanza inhliziyo yakhe futhi limenze abe msulwa njengomnduze."

63 IGazi leNkosi uJesu Kristu lisusa isono, futhi lisihlanza kubo bonke ububi bethu, futhi lisenza izidalwa ezintsha kuKristu Jesu. Akukho okunye okuzokwenza, izivumokholo, izimo, noma akukho okunye okuzothatha indawo yakho, kuzanyiwe, kodwa kuthatha iGazi.

64 Yileyondawo kuphela yenhlanganyelo yobuNkulunkulu, ingaphansi kweGazi. Yilelokhambi kuphela uNkulunkulu alaziyo. Wakusekela . . . Ungongenasiphelo, Akushoyo kuqala, Ufanele ahlale njalo nalokho ngohlelo lwaKhe.

65 Manje, lapho beyofika ezinkantolo, beqonda ukuthi bangcolisiwe, behlezi ebandleni, bazi ukuthi banephutha, ngokukholwa babheca iGazi, bakukholwe, bakwemukele, amanzi, isigezo samanzi ngeZwi, kuyabahlanza khona-ke futhi kubenze balungele.

66 Manje, nakhu lapho into ifika khona, nakhu lapho iphuzu lifika khona. Iningi labantu lithi, "Lapho ngikholwa, yilokho kuphela engifanele ngikwenze." Manje, yilapho ukuhlikihla kufika khona, umuntu oshaye amanzi okwehlukanisa waye*ngekwazi* nokho ukungena endaweni eNgcwelengcwele, waye*ngekwazi* ukungena ebandleni.

67 Wakwemukela, wakukholwa, futhi wakholwa ukuthi kwakungokwakhe, futhi wafafazwa ngamanzi okwehlukanisa, kodwa lapho ehamba eqhubeka eya endaweni yenhlanganyelo, into yokuqala ayefanele ahlangane nayo, lapho emnyango, kwakuyimishwe eyisikhombisa yeminyaka yebandla eyisikhombisa, uNkulunkulu kuyo yonke iminyaka, lutho kodwa igazi, futhi wayefanele azi lokho kuqhubeka phambi kwakhe kwahamba umhlatshelo, wopha. Wayefanele aliqonde igazi ngaphambi kokuba angene ebandleni.

68 Manje, futhi ngenkathi engena ngaphansi kwaleligazi, khona-ke wahamba wangena ebandleni, eBukhoneni beNkazimulo yeShekina kaNkulunkulu futhi khona-ke wayesenhlanganyelweni egcwele, ekhonza phansi kwegazi. Isithombe esihle kanje sikaKristu ePhentekoste, eletha iBandla laKhe enhlanganyelweni egcwele!

69 Kufana nezithandani ezisencane ebengikhuluma ngazo, ngenkathi zishada, lokho akusiyo yonke into, azenzanga lutho kodwa zithathe umgubho, umfundisi uthe kuphela, "Ngimemezela ukuthi niyindoda nomfazi." Akukalungeli okwamanje. Wenzani na? Umthatha amyise endlini yakhe amlungiselele yona.

70 Manje, abantu abaningi lapha bangahle bangavumelani nami ngalokhu, kodwa awuhlali kodwa endlini enamakamelo amathathu. O, ungahle ube namanye amakamelo amaningi, kodwa ngempela unamakamelo amathathu kuphela, lelo yikhishi, igumbi lokuphumula, nekamelo lokulala. Ungahle ube namagumbi okulala amathathu noma amane, futhi ungahle ube nekhishi, negumbi lokudlela, kanjalonjalo, kodwa ngempela umuntu uhlala kuphela endlini enamakamelo amathathu.

71 Uhlala endlini enamakamelo amathathu emzimbeni wakho: umphefumulo, umzimba, nomoya. UNkulunkulu wayehlala endlini enamakamelo amathathu: uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Yonke into isebuthathwini. Nokuthathu ngunxantathu.

72 Thatha unxantathu bese ukhanyisa ukukhanya kuwo, awu, lapho okuthathu kuhlangana endaweni eyodwa, kuzoveza imibala ehlukene eyisikhombisa. Imibala eyisikhombisa ehlukene wuthingo lwenkosazana, uthingo lwenkosazana luyisivumelwano. O, kuyaqhubeka nje, futhi kuqhubeke, futhi kuqhubeke, futhi kuqhubeke! Kuqhubeke, ngoba kulokho, uNkulunkulu wenza isivumelwano ngalezizinto ezintathu: ihisopi, isembatho esibomvu, nokunye nokunye. NokuKhanya kukaNkulunkulu kukhanya phezu kwalokhu, kwenza isivumelwano, isivumelwano uNkulunkulu asenzayo.

73 Manje, lapho owesifazane elethwa, umlobokazi osemncane, o, umthanda kanjani, kodwa nokho, abakabibikho ngempela enhlanganyelweni egcwele. Manje into yokuqala: Lizokwenzani ikhishi na? Yilapho odla khona.

74 Lokho kunjengoba kunjalo emagcekeni okuqala ebandla. Nidla lapha, wozani, nihlale esihlalweni esingemuva, nilalele iZwi, futhi into yokuqala uyazi uqala uku, "O Nkulunkulu, lokho bekusho mina!" UyaMemukela njengoMsindisi oqondene nawe, ngokukholwa uyakubamba ngqi, bese-ke uqala ukudla iZwi.

75 Uqala uku—ukuzwa ukuthi wemukele uKristu njengoMsindisi oqondene nawe. Uqala ukuzitika ngeZwi, uyaLijabulela, lapho, wawuvamisile, ubuyosukuma futhi uhambe uphume esakhiweni uma umshumayeli engashongo into ethize ekufanele nje, hhayi kahle, ubuyosukuma futhi uhambe uphume. Kodwa emva kokuba sewuke wemukela uKristu, sewehlukanisiwe ngaleyonkathi, amanzi ngeZwi lokwehlukanisa akwehlukanisa nokucabanga kwakho okubi.

76 Bese-ke into elandelayo ezayo ingukuba se—ekamelweni lokuphumula lapho othatha khona umlobokazi wakho omncane. Ukhumula iveli lakhe, uyasondela kancane, khona-ke lapho wenza, umgaxe ngezingalo zakho, ukhulume naye, umsingathe.

77 Kufika kanjalo-ke enhlanganyelweni yeNkosi uJesu. Ngaphambi kokuba wenze, wehlukanisiwe ezonweni zakho,

khona-ke usingathe iVangeli leNkosi, usingatha i—iZwi elilotshiwe, uyaLikholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. "Nkulunkulu, akunandaba ukuthi Ufuna ngenzeni, noma yini Oyihlelile empilweni yami, sengilungele manje ukukwemukela." Lokho kuse—segumbini lokuphumula.

78 Manje-ke, usalokhu uthi, "Akwenele yini lokhu na?" Qhabo, mnumzane.

79 Ikamelo elilandelayo yikamelo lokulala. Khona-ke lapho uya kulelikamelo lokulala, khona-ke kungukuthi, ungena enhlanganyelweni nasebudlelwaneni. Uba sebudlelwaneni, khona-ke uba nenhlanganyelo ephelele, ngoba ungeke waba nenhlanganyelo ephelele uze ube ubudlelwano, noma ubani uyakwazi lokho.

80 Futhi lalelani, kunjalo ngebandla namhlanje, sinabantu abaningi kakhulu, sinabaningi kakhulu babo onamahloni ukungena ebudlelwaneni obuphelele noNkulunkulu ekuphileni okusha nokuzalwa okusha. Uma singuMlobokazi kaKristu, pho kungani singangeni ebudlelwaneni na? Khona-ke onke amahloni nokuhlehlela emuva nakho konke sekuhambile kithi.

81 Uma siza ebudlelwaneni obuphelele, sizalwe ngokusha, angikhathali, uMongameli wase-United States ubengama esitaladini, ubuyomemeza, "Haleluya! Ayibongwe iNkosi! Haleluya!" Awunandaba, ngoba ungene ebudlelwaneni, uzelwe ngokusha, usungumntwana omusha, useNkazimulweni yeShekina noNkulunkulu, uhlanganyela naYe. Yilokho i . . . Esikudingayo namhlanje, mfowethu, ngukukhonza phansi kweGazi, ukukhonza okusebudlelwaneni obuphelele ukuze kuphele.

82 Ukuba-ke umlobokazi omncane wathi, "Manje awume kancane, ngi—ngi—ngivele, angazi, bengingazi ukuthi impilo yomshado iqukethe izinto ezinjalo"? Ubengeke neze eze enhlanganyelweni nomyeni wakhe. Ubengasoze angena ebudlelwaneni, noma, enhlanganyelweni aze kuqala angene ebudlelwaneni.

83 Yileyo indaba ngebandla namhlanje, bathi, "O, angikholelwa kulokho lapho uhlobo lwenkolo olukwenza umemeze, futhi ulubize nge 'nkolo ethinta inhliziyo,' futhi, angikholelwa ezintweni ezinjengalokho."

84 Akumangalisi, awukaze ungene kukho okwamanje. Ungena kukho futhi ngempela ungena ngaphansi kweNkazimulo yeShekina kaNkulunkulu, lapho amandla kaMoya oNgcwele ehlela phezu kwakho, uzokwazi ukuthi kukhona okwenzekile kuwe, ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, futhi uba yisidalwa esisha. UNkulunkulu ungowokuqala.

85 Kanjani . . .? Ngabe kwakunguCharles Finney ngalesosikhathi owenza isitatimende ngokuthi wayevamise kanjani uku . . .? Waye . . . Ngikholwa ukuthi kwakunguCharles

Finney, ukuthi, wayekade eshumayela, noma omunye, kungahle ukuba bekungesuye, ngikufundile nje ndawondawo, ukuthi wayeshumayela, wayenezintshumayelo, nabesifazane abancane ababili wayemkhulekela ukuthi uyothola uMoya oNgcwele, futhi wabatshela ukuthi wayenoMoya oNgcwele.

86 Futhi ngoluny'usuku waphuma emva kwe, ihhovisi lakhe ukuba akhuleke futhi waguqa phansi lapho isihlahla esidala sasivunguze sawa khona, futhi ngenkathi esakhuleka, ngani, induku yephuka futhi wacabanga ukuthi ukhona owayenyuka, futhi wagxuma, wathi, "Ahe! Ahe! Ahe!" Waqalaza. Wayecabanga ukuthi ukhona owayelapho, futhi umbona ekhuleka.

87 Wayesehlala phansi wayesethi, "Ukuba bengikhuluma nobasi wami ehhovisi, bengiyothanda ukuba noma ubani angibone ngikhuluma nobasi wami, kodwa lapha nginamahloni ngomuntu othize ukungibona ngikhuluma neNkosi yami."

88 Nango eza ngaphansi kokulahlwa yicala, walahla ibhayi lakhe lobubi, nenzondo, nombango, wayesewa ngobuso bakhe, futhi wamemeza phambi kukaNkulunkulu, uNkulunkulu waze wamgcwalisa ngoMoya oNgcwele, khona-ke into ethize yenzeka, khona-ke wayesehlukile. Wakhipha isitashi kuye, kukhona okwenzekile, ngoba ungena kuleyoNkazimulo yeShekina, wangena ebudlelwaneni noNkulunkulu nenhlanganyelo yobuNkulunkulu.

89 Yingalesosizathu ngithanda lezizingqungquthela zeVangeli eligcwele, uzwa abantu bekhala futhi bememeza futhi bedumisa iNkosi, ngoba bangene enhlanganyelweni, inhlanganyelo yobuNkulunkulu kaMoya oNgcwele. Nkulunkulu... Noma nini lapho ususa lokho, usubuyele eBabiloni, futhi usungahle uzimbele wena. Kunjalo impela.

90 Lapho sifika endaweni lapho sisuka khona kuleyoNkazimulo yeShekina, lezozindumiso zikaNkulunkulu, lologcobo olufreshi oludiliza yonke imigoqo yezenkolo, nezinto, futhi isenza sibe munye kuKristu Jesu, sikhululekile kukho konke ukulahlwa, yilokho esikudingayo kulobubusuku. Yilokho ibandla... Leyo yinhlanganyelo yobuNkulunkulu.

91 Yilokho engikutholile kulezizingqungquthela yizindawo lapho abesilisa nabesifazane, benga... abanamahloni, abanamahloni ngeVangeli, balungele ukufakaza, bacule ngakho, bamemeze ngakho. Ngike ngabezwa ngisho bekhuluma ngezilimi, kanye ngankathi. Awusezwa okuningi kakhulu kwakho, kodwa kanye ngankathi bayakuzwa.

92 O, ungalokothi ulahlekelwe yilokho. Uma uke walahlekelwa yilokho, kuye endaweni lapho othola khona ukuba namahloni ukungena ebudlelwaneni noKristu! Makahlale kuwe, uNkulunkulu kumuntu, Ezazisa kubantu ngoMoya waKhe, ubupristi bobukhosi, isizwe esingcwele, abantu abayinqaba,

abayinqaba, abehlukile ezweni, bangcweliswa ngeGazi futhi wabekwa eceleni ezintweni zezwe. Amen. Leso yisikhathi sakudala, ukushumayela kwezihlahla amasassafras, kodwa kuzosindisa umuntu esonweni, kuzohlanza umuntu futhi kumenze isidalwa esisha kuKristu Jesu. Akuzukucaka, kodwa kuzokugeza ube mhlophe. Kuyosusa lonke ihlazo kuwe, kususe ukuhlehlela emuva kuwe.

93 Ngibone owesifazane omncane onamahloni kakhulu, indoda yomshwalense iza emnyango, wayehlehlisa ikhanda lakhe, ake ehlele e-altare futhi angene kuleyoNkazimulo yeShekina kaNkulunkulu, uyoma lapho futhi afakaze lokho okuyonyakazisa amathayili awucwecwana phezu kwendlu. Impela. Ngani na? UseBukhoneni bukaNkulunkulu, uhlangane noMuntu ongowangempela, ukuphila sekube yinto entsha, futhi alisathuswa yizwe, ngoba lisenhlanganyelweni yobuNkulunkulu noKristu. "Kimi ukuba ngiphile kunguKristu," kwasho uPawulu. Yilokho engikubiza ngokuthi umoya wangempela.

94 Manje, ungeke wakwenza lokho ngezivumokholo zakho. Ungeke . . . Izivumokholo azisoze zanelise umphefumulo olambile. Zilungile, angimelene ngalutho nazo, kodwa esikudingayo namhlanje yinhlanganyelo yobuNkulunkulu, yinye kuphela indlela yokuyithola, ngeGazi, ungene eNkazimulweni yeShekina.

95 ETestamenteni eLidala umpristi omkhulu wayengena kanye ngonyaka, kanye ngonyaka, futhi lokho, ethwele igazi phambi kwakhe, wayegcotshiwe. O, ngithanda ukufundisisa lokho, ukuthi wagcotshwa kanjani nga—ngamafutha okugcoba. Ngikholwa ukuthi uDavide wakhala, "Kumnandi kangaka ukuba abazalwane bahlale ndawonye bemunye! Kufana namafutha okugcoba ayigugu ayese—intshebe ka-Aroni, ageleza aze ayofika le emphethweni wengubo yakhe."

96 Amafutha enza izinto zihambe kalula, zithambe. Niyazi, lapho umuntu egcotshwa ngempela futhi elungele uNkulunkulu, uyavumelana nezimo nje. Niyazi kuyilapho engenjalo, uhlala emuva aqine ngempela, niyazi, nje, o, angazi, njenge . . .

97 Ngangihlala njalo ngidabukela umnyuzi. U—u—umnyuzi wawuyinto eyisimungulu kunazo zonke engake ngayibuka, ungawushayela ikhwela, uwubize, futhi uyovele nje uhlale futhi umise lawomadlebe amakhulu, ukubuke. Awubazi ubumnene njengoba kwenza ihhashi, niyabo, a—a—awunakhu ukuxwaya okungako. Futhi enye into, umnyuzi, awazi—awazi ukuthi uvelaphi.

98 Ungalokothi uthi uNkulunkulu wake wenza umnyuzi, lowo kwakungumuntu owenza lokho. Qhabo. Ungabeki uNkulunkulu enecala ngento ethize enjalo. Lokho kwakungukuzalanisa, i—ihhashi lensikazi ne—nenkunzi yembongolo, kodwa ningalokothi—ningalokothi nikubeke lokho kuNkulunkulu.

UNkulunkulu ubengeke enze into enjengaleyo. Qhabo, mnumzane.

99 Niyazi, ngiyalithanda elihle, ihhashi lohlobo. Niyazi, elihle, ihhashi lohlobo, lilunge ngempela, futhi liyazi ukuthi ubaba walo wayengubani, uyazi ukuthi umama walo wayengubani, lazi kahle ukuthi limi kuphi. Kodwa umnyuzi omdala awazi ukuthi kwakungubani ubaba wawo, umama wawo wayengubani. Futhi nansi enye into ngawo: Awukwazi ukuzizalanisa ubuyele emuva futhi, wonakele impilo yawo yonke.

100 Kungifaka emqondweni wenqwaba ye. . .Kungifaka emqondweni wenqwaba yabantu abazibiza ngamaKristu, bakhulume ngeGazi likaJesu, futhi bahlala bemise izindlebe zabo, bahlale lapho behlahle amehlo, abazi ngisho ukuthi ubizo lusho ukuthini, kunjalo, awazi ukuthi ubaba wakho wayengubani noma umama wakho wayengubani.

101 Kodwa ngiyanitshela, uma uke weza ngaphansi kweyangempela, inhlanganyelo yobuNkulunkulu, ubhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, uyazi ukuthi uBaba wakho Wayengubani, uyazi ukuthi umi kuphi. Uyalazi iGazi elikuhlanzile, uyawazi uMoya oNgcwele owakuzalayo futhi ukunika ukuPhila okusha, uyazi ukuthi uvelaphi, uyazi ukuthi uBaba wakho Ungubani. Sineningi kakhulu inkolo yeminyuzi namhlanje, ngiyakholwa, ngi—ngikukholwa ngempela, ngaphandle kwehlazo.

102 Umpristi omkhulu kanye ngonyaka wayengena, kanye ngonyaka, enegazi phambi kwakhe, futhi akhonze eNkazimulweni yeShekina, wonke egcotshiwe, o, ngiyakuthanda lokho, egcotshiwe, ehamba. Futhi wayenezingubo ezazinepomegranati nensimbi ekhalayo, futhi wayefanele ahambe nalokho ngesinyathelo esinjalo, esasidlala, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele kuyo iNkosi. Ingcwele, ingcwele, ingcwele kuyo iNkosi," ephethe igazi phambi kwakhe lapho ehamba.

103 Isithombe esihle kanje pho seBandla namhlanje! Ehamba eyongena e. . .Futhi niyasazi isizathu sokuthi wenza lezozinsimbi ezikhalayo na? Abantu abangaphandle babengazi noma ngabe wayephila noma qha, ngaphandle uma wayebanga umsindo othize. Ngiyakutshela, mfowethu! Mm! Ibandla elifile, elingabangi-msindo, a, kukhona okwenzekile, yebo, mnumzane, abakangeni kuleyoNgcwele engcwele. UNkulunkulu u. . .

104 Nomaphi lapho uthola khona uNkulunkulu, uthola inqwaba yomsindo. Kunjalo impela. Ngenkathi uJesu engena eJerusalema, baphula amasundu, labobantukazana baseGalile baqala ukucula, "Hosana, kuLowo ozayo eGameni leNkosi!"

Abanye balabo baFarisi bathi, "O, lokho kwenza uhlevane lukhuphukele emhlane wami. Lokho kungukuthuka okungcwele. O, ungakwenzi lokho. Benze bathule."

105 UJesu wathi, "Uma bethula, amadwala ngokushesha azomemeza." Ikhona into ezokwenzeka lapho uKristu engena. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

106 Kodwa wathatha igazi waliyisa esihlalweni somusa. Futhi nguye kuphela owayengangena kanye ngonyaka. Kodwa ngenkathi uJesu efa ngoSuku lokuBuyisana, Wadabula iveli laba kabili. Hhayi umpristi omkhulu kuphela, kodwa noma ubani othandayo angeza noma ngasiphi isikhathi eNkazimulweni yeShekina kaNkulunkulu ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, angene enhlanganyelweni yangempela yePhentekoste, amen, angene endaweni eBukhoneni bukaNkulunkulu, lapho amandla kaNkulunkulu esihlanza kukho konke ukungalungi. Siba yizidalwa ezintsha kuKristu Jesu. UMoya oNgcwele wehlela phezu kwethu, nakho konke ukuba semuva kwethu nokuhlazeka, siba sebudlelwaneni noNkulunkulu.

107 IBandla alisuye uMlobokazi na? Awu, uMlobokazi ubengafanele yini aveze abantwana bememeza, "Aba, Baba"? Yini i—indaba na? Akumangalisi singeke sisakwazi ukuziveza uma singake sisuke kuleyoNkazimulo yeShekina, usuke lapho futhi awazi ukuthi Ubani ubaba wakho, awazi ukuthi umama wakho ungubani, uphuma ngaphansi kweGazi, abazukulu bePentecostal, njengoba uDavid duPlessis akubiza. UNkulunkulu akanabazukulu. Qhabo, mnumzane, uNkulunkulu unamadodana kuphela.

108 Abanye benu unjengoba ngasho lapha esikhathini esithile esedlule, sasikhuluma ngoDavide, wathi, "Abantu bayangena, amaMethodisti ayangena, azalwa engamadodana kaNkulunkulu, kwase-ke kuba abantwana bawo, abayisa ebandleni, futhi awu, 'Ngoba ngangiyiMethodisti, khona-ke abantwana bami uyiMethodisti.'" Manje, lokho akusibo abantwana ngempela, lowo ngabazukulu, niyabo.

109 Kodwa manje, uNkulunkulu akanabazukulu. Wonke owesilisa, wonke owesifazane, wonke umfana, intombazane i fanele ibe nesehlakalo sokungena endaweni eNgcwelengcwele futhi izalwe ngokusha. Kubi kakhulu ukuthi ibandla lePentecostal liba ngaleyondlela, nalo, sinabazukulu bePentecostal. Ake nginitshele, uNkulunkulu akanaye, ibandla linaye, kodwa uNkulunkulu akanaye. Wonke umuntu oza kuNkulunkulu uzofanele eze ngeGazi. Wonke umfana, onke amantombazane afanele aqonde ukuthi iNto ethize yahamba phambi kwabo ukubafela ngaphambi kokuba bangene kuleyoNkazimulo yeShekina, bahlanzeke empilweni yesono, futhi babe yizidalwa ezintsha kuKristu Jesu. Amen.

110 Ukuthi wangena kanjani kulendawo engcwele, indawo eNgcwelengcwele ukunikela ngaleligazi! UJobe, iNcwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini, ngisho nangaphambi kokuba uGenesisi aze alotshwe, uJobe waphila emhlabeni.

Futhi niyakhumbula uJobe, zonke izinkathazo zakhe, zonke izivivinyo zakhe, nabangane bakhe ngisho bemsola ngecala, abangani bakhe ngokumelene naye, nokho, uJobe wasigcina i—i—isithembiso sikaNkulunkulu, wagcina inhlanganyelo emahoreni okuvivinywa, kangangokuthi waze wakhala, wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona!"

111 Ngenkathi ehlupheka futhi ngisho nomkakhe wathi, "Jobe, awumthuki ngani uNkulunkulu ufe na?" UJobe wayephansi kwegazi, wayenikele ngomhlatshelo wokushiswa, ayazi ukuthi wayelungile, ngoba yilokho uNkulunkulu ayekudinga, wayefike phansi kwegazi futhi waba nenhlanganyelo yobuNkulunkulu noNkulunkulu, ngisho nasemahoreni okugcina okulingwa kwakhe okukhulu, wakhala, "Noma Engibulala, nokho ngiyoMethemba!" Amen.

112 Yilokho ibandla elikudingayo namhlanje, yinhlanganyelo yokwazi kanjalo phansi kweGazi leNkosi uJesu Kristu, ngisho nokufa ngeke ngisho kwakwenza mnyama.

113 Ngike ngama eceleni kombhede wabo futhi ngababuka befa nokuxhawulana okubandayo; ngibabonile bema lapho futhi befa, bememeza izindumiso zikaNkulunkulu, ngoba babekade benenhlanganyelo, babazi lapho ababemi khona. O, bengingadlula kanjani ezehlakalweni zokwazi, zezehlakalo engizibonile nabantu, ukuthi ba . . .

114 Ungalokothi, ungalokothi uzame ukufinyelela kuNkulunkulu, noma yini enye ngaphandle kwenhlanganyelo, phansi kwe, noma, ukuhlanganyela noNkulunkulu, kodwa ngaphansi kweGazi. Yileyondlela kuphela uNkulunkulu azi ngayo, yileyondlela kuphela uNkulunkulu azoyiqonda. Ufanele kuqala ugezwe ngamanzi eZwi, bese-ke uhlanzwa ngeGazi, bese ungena eNkazimulweni yeShekina, ungene lapho, ungene enhlanganyelweni, khona-ke uyazi ukuthi umi kuphi.

115 UDaniyeli, omunye owayehlosile enhliziyweni yakhe wayengeke azingcolise ngenyama yenkosi ngenkathi eyiswa ezansi eBabiloni. Wayigcina inhlanganyelo yakhe ebukhoneni bezingonyama ezazilungele ukumbulala, nokho uDaniyeli wabamba inhlanganyelo yakhe, noNkulunkulu wathumela iNgelosi, futhi yama ngakuye ngalobobusuku, futhi yaphuphuthekisa amehlo futhi yavala umlomo wengonyama, ngoba uDaniyeli wayenenhlanganyelo nokungaPhezu kwemvelo. UDaniyeli wayenenhlanganyelo noNkulunkulu waseZulwini, ngoba wayephansi kwegazi, wakugcina kanjalo-ke ukuma kwakhe.

116 Abantwana bamaHeberu, khona impela phakathi nesithando somlilo, akunandaba ukuthi ubuyokwenzani kubo, ungeke ushise leyonhlanganyelo isuke kubo. Ungeke ubaphose ngaphansi kwezivivinyo ezenele ukubenza bakuphike.

117 Umuntu oke waba ngaphansi kweGazi likaJesu Kristu futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, bonke odeveli esihogweni abakwazanga ukukusiphula kuye. Uyazi ukuthi umi kuphi . . .? . . . Ngiyazi nicabanga ukuthi ngiyahlanya, ngishwiba izandla zami, kodwa uma nizizwele njengoba ngenzile, ubuyogxumela phezulu esihlalweni sakho futhi wenze into efanayo.

118 Kodwa lalela, mfowethu, ingane ezelweyo, futhi ayikhali, ayinswininizi, kukhona okungalungile ngaleyongane, izalwa ifile. Kunjalo. Yileyo indaba ngelethu, amabandla amaningi kakhulu namhlanje, abaningi kakhulu babantu bazibiza ngamaKristu, bazalwa befile, bezalwa befile, akukuhle. Abakudingayo . . .

119 Niyazi ukuthi udokotela wenzani lapho oyedwa engenzi ukunswininiza na? Uyamqukula, bese emphendula, bese emnika ukuqhwabaza okuthi akube kubili okuhle, futhi udedela ukuklabalasa. Yilokho ibandla elikudingayo namhlanje, ngomunye omuhle, wakudala, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuzamazama kwebandla, kuze kuthi kuyothwansula lonke izwe liphume kukho, kulibuyisele emuva esibusisweni sangempela sePhentekoste, umshumayeli wangempela oyosukuma futhi athathe iVangeli futhi ashaye i— igolide, futhi njengoba abashayi bakudala babevame ukwenza.

120 Babelishaya igolide, futhi baliphendule, futhi bashaye kuze kuphume onke amanyela kulo. Wayazi kanjani ukuthi lase lilungile na? Lapho wayekwazi ukubona umfanekiso wakhe uqobo kulo, khona-ke wayazi ukuthi igolide lase lilungile, amanyela ayephumile kulo. Yilokho uMoya oNgcwele akwenzayo ngeZwi, Ushaya lonke izwe liphume eBandleni, kuze kubonakale ukubonakaliswa kukaJesu Kristu eBandleni kubantu, lapho uNkulunkulu engabona ukubonisa kwaKhe amandla aKhe, njengoba Enza ngoSuku lwePhentekoste, ngenkathi Ethumela uMoya oNgcwele phansi, futhi amandla kaNkulunkulu enza abantu badakwe njengewayini elisha.

121 Ngenkathi bethi, "Ini? Ngabe lamadoda agcwele iwayini elisha na?"

122 Wathi, "Lokhu yilokho okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli, 'Kuyokwenzeka ngezinsuku zokugcina, kusho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama, namadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha. Ngiyakuveza izimanga emazulwini phezulu, nasemhlabeni ngaphansi izibonakaliso, neziNsika zoMlilo, nentuthu, nomhwamuko, kuyakwenzeka lungakafiki usuku oludumileyo lweNkosi, usuku oludumileyo. Yilowo nalowo obiza iGama leNkosi uyakusindiswa.'"

123 Esikudingayo namhlanje ngukushaywa, iVangeli emuva ebandleni ukuqondisa ibandla ukulidonsa

liphume ekusontekeni elikukho, futhi libuyele ngaphansi kwenhlanganyelo yeGazi futhi kuleNkazimulo yeShekina, lingene esehlakalweni sePhentekoste njengoba sasinaso emuva eminingi, eminyakeni eminingi eyedlula, njengoba sasivame ukuba nakho eminyakeni eyedlula. Esikudingayo njengoba sakwenza ngezinsuku zikaJohn Wesley, emuva le ezinsukwini zikaCalvin, uKnox, emuva le, yonke indlela kuye ePhentekoste, esikudingayo ubudlelwano futhi, noNkulunkulu, abantu baze bavume ukufa kubo uqobo ekamelweni eliyimfihlo noNkulunkulu, kuze kuvele ukuPhila okusha, baze baba yisidalwa esisha.

124 Umuntu makenze lokho, uma eyigwala elidadlana, uyophuma futhi azuze imiphefumulo. Ngoba ngani na? Usebe sebudlelwaneni bobuNkulunkulu noNkulunkulu ekamelweni eliyimfihlo kuye uqobo, naye noNkulunkulu, ugcotshiwe, futhi wangena lapho nezinyembezi zigingqika ezihlathini zakhe, futhi ethi, "Nkulunkulu, ngiphe uMoya oNgcwele. Angikhathali noma kubiza umkami, abantwana bami, intombi yami, eyami . . . noma ngabe ngiyini, ngigcwalise nje, Nkosi, ngize ngikwazi ukuma eBukhoneni baKho futhi ngizwe iNkazimulo yeShekina inyakaza, igudla phezu kwami nakimi."

125 Cabangani, ngenkathi loMnu. Iverson, uyise kaNed, abhala leloculo elidumile, *Moya KaNkulunkulu, Hamba kiMi*, yilokho esikudingayo. "Hamba ufreshi, yehlela phezu kwami, Nkosi." Yima lapho uNkulunkulu aze akungenise endaweni eNgcwelengcwele, avale amakhethini emva kwakho, futhi avalele izwe ngaphandle, futhi akuvalele noKristu uze ungakhathali ukuthi ubani okhona, yini enye ngakho, uhamba kuMoya, uholwa nguMoya, wenza izinto uMoya obuyothanda ukuba uzenze, usho izinto uMoya afuna uzisho, khona-ke yilapho ungena enhlanganyelweni yobuNkulunkulu. Kwangathi uNkulunkulu angapha lokho kuwo wonke umuntu. Yebo.

126 Abantwana bamaHeberu, khona impela phakathi nesithando somlilo, babesalokhu beyigcinile inhlanganyelo yabo. Isithando somlilo asizange sikuvimbe, impela akunjalo. Babesalokhu benenhlanganyelo eningi kakhulu njengoba babelokhu benayo.

127 UStefanu omncane, emva kokuba esengene phansi kweGazi, wama lapho futhi washumayela ubuso bakhe baze bakhanya njengengelosi. Angikholwa ukuthi kwakhanya njengokunye kwalezozinkanyiso, impela qhabo. Ingelosi ayi . . . akudingi njalo ukusho ukukhanya okukhanyayo. Ingelosi yisithunywa, umuntu owaziyo ukuthi bakhuluma ngani. Ngiyakholwa ngenkathi uStefanu ema lapho ngalokho kusa ezinkantolo zeSanhedrin, ngenkathi benaye, bezama ukumlahla ngecala, kanjalonjalo, wathi, "Yimuphi omunye wawoyihlo ongawulahlanga uMoya oNgcwele, noma waWenqaba na? Yimuphi kubo ongazange na?" Futhi wathi, "Nina bontamo-zilukhuni, eningasokile

enhliziyweni nasezindlebeni," azi ukuthi kwakuyobiza impilo yakhe.

128 Wayekhathalela ini na? Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Ngani na? Wayefike phansi kweGazi, futhi wayephezulu lapho ePhentekoste, futhi wayephansi kweNkazimulo yeShekina, futhi wayengenandaba ukuthi noma ubani wathini. Ukufa kwakungasho lutho kuye. Wayeqiniseke kakhulu, futhi egcwaliswe kakhulu ngoMoya, baze baqala ukugijimela kuye futhi bagedla amazinyo futhi bafihliza ikhanda lakhe ngamadwala, nezinto, kanjalo. Ngisho nokufa akufihlanga ngisho inhlanganyelo yakhe, waphakamisa izandla zakhe wayesethi, "Ngibona uJesu."

129 Amen. Whewu! Manje, awukholwa ukuthi amaBaptisti ayamemeza na? Ngizonikhombisa emzuzwini. Ake ngikutshele mfowethu, ngisho nokufa kwakungeke—kwakungeke kukufihle, ukufa kwakungeke kwenza lutho. Wawungeke umfihle enhlanganyelweni, ngoba wayesalokhu eyigcinile leyonhlanganyelo ephelele noKristu, ngisho nalapho amadwala ayefihliza ikhanda lakhe. U . . .

130 Futhi uPawulu emi lapho, uSawulu kwakunguye ngaleyonkathi, ebambe izingubo zakhe, ekubuka, akuzange kusuke kuye. Ubonile ukuthi leyondoda yayineNto ethize, nakuba wayegcwele kakhulu izivumokholo, nesayense yezenkolo, futhi wafunda izinto, waze wabuka lowomuntu, futhi wambona lowomuntu waye*nokuthile* izivumokholo zakhe ezingazange zikuveze. Ubone inkazimulo kaNkulunkulu ebusweni bakhe ngenkathi—ngenkathi uStefanu ebheka phezulu, wayesethi, "Ngibona uJesu, emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu," esalokhu enenhlanganyelo ehoreni lokufa kwakhe, ngoba ufika ngendlela kaNkulunkulu eyabelwe, ngeGazi likaJesu Kristu, futhi wayengene eNkazimulweni yeShekina, lapho inhlanganyelo yangempela yayikhona, inhlanganyelo yangempela, izindumiso namandla kaNkulunkulu.

131 KwabaseRoma 5:1 ethi, "Ngakho-ke, lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu." Inhlanganyelo ibuyiselwe. O, ngiyakuthanda lokho! Inhlanganyelo noNkulunkulu, ukuthula kubuyiselwe emuva. Kanjani na? NgeGazi leNkosi uJesu.

132 Edolobheni lakithi uqobo, eLouisville, eKentucky, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, kwakukhona umfo omdala laphaya, babecabanga ukuthi wayeyisinxibi esidala nje, wa—wayekhipha izincwajana nezinto ezansi esitaladini. Futhi wayewela ngelinye ilanga. Wayehlala emjondolo omncane, omdala ezansi eduzane nengxenye eyimijondolo yedolobha lapho, kulokho esikubiza ngeHaymarket, futhi waye, ehlala ezansi lapho, kodwa wenze umsebenzi omkhulu, ehambahamba

enikeza izincwajana ezincane. Kuyiqiniso, izingubo zakhe zazingahlali njalo zihlanzekile njalo njengoba ngiqagela zazingaba njalo, wayeyimpohlo endala.

133 Futhi wayenqamula esitaladini ngolunye usuku, nemoto yavele yamshaya nje, futhi nje. . . Ngi. . . kubukeka sengathi kwaphula onke amathambo kuyo, yagingqika phezu kwakhe ngqo. Futhi bamfaka kwi-ambulensi, i-ambulensi yamaphoyisa, futhi bamyisa phezulu lapho esibhedlela esithize.

134 Futhi baqala ukumhlola, isibhedlela sasedolobheni, babuka amathambo akhe, namathambo amaningi kakhulu, bona, futhi babeka i x-reyi phezu kwakhe, futhi bathola ukuthi wayephukile wonke. Nodokotela bahamba ukuyobamba umkhandlu omncane, inhlanganyelo encane phakathi kwabo, ngale ekhoneni elilodwa, babecabanga ukuthi umfo omdala wayequlekile, bathi, "Awu," odokotela beza kulesisinqumo, "akusifanele isikhathi sethu. Emva kwakho konke, akalutho kodwa nje isinxibi, futhi akukho-mali kuso. Ngakho akalutho kodwa nje uyisinxibi, pho kungani siyomosha isikhathi sethu lapha, usuku lonke, sizama ukuchibiyela lesosinxibi esidala na?" Futhi babecabanga ukuthi kwakungekho. . . Bavele nje banquma ukuthi bavele bammboze bambuyisele, futhi bamdedele ahambe.

135 Kodwa ngenkathi bewelela lapho, wayengafile njengoba babecabanga ukuthi wayefile. Wathi, "Umzuzu nje, banumzane abahloniphekile," wathi, "Ngifanele okuthile, nami!" Wathi, "Ngangibiza kakhulu, uNkulunkulu waze wathumela iNdodana yaKhe ukuze Ikwazi ukufa endaweni yami futhi ingiphe umusa nenhlanganyelo naYe." Wathi, "Eminyakeni engamashumi amahlanu edlule ngakusingatha lokho enhliziyweni yami," inhlanganyelo yangempela noNkulunkulu, wathi, "futhi khona manje imnandi ukwedlula okwake wabanjalo kuyo yonke impilo yami."

136 Wathi, "Impela, ngifanele okuthile, uNkulunkulu wangithanda kakhulu ngangokuthi Wanikela ngeNdodana yaKhe ngenxa yami. Futhi Yachitha iGazi laYo ukuze ngingene enhlanganyelweni naYo ekuhluphekeni kwaYo, naseBukhoneni baYo." Futhi wathi, "Ngikugcinile lokho yonke leminyaka, futhi manje sekumnandi kakhulu kunoma kwake kwabanjalo." Ungakubona nje ukuphoxeka ebusweni balabodokotela ngalesosikhathi.

137 Impela nifanele okuthile, ngamunye wenu ufanele okuthile, uNkulunkulu wanikela ngokuPhila kwaKhe ngenxa yenu. Kungani ungakwazi ukunikela okwakho ngenxa yaKhe na? Kungani ungakwazi ukuzinikela wena uqobo nesikhathi na? Woza ngakho konke. Uma udeda. . . Uma—uma ungezi ngendlela efanele yokusondela, manje, uma nje uhamba futhi uqala, uphenya ikhasi elisha, lokho ngeke kusebenze,

ufanele uze ngendlela kaNkulunkulu, uze ngaphansi kweGazi, bese-ke ungena eNkazimulweni yeShekina eBukhoneni bukaNkulunkulu, khona-ke ungakhonza iNkosi uNkulunkulu, impela.

138 Eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, ngale eKalvari, ake sibuke kancane imizuzu embalwa njengoba sedlula, kwakungokunye ukusa okwesabekayo. O, akukaze kube khona ukusa, futhi akusoze kwabakhona okunjalo. Kwakukade kukhona icala ngalokho kusa, icala lokwenza inhlekisa, ezinkantolo, neNdoda engenacala yayikade ilahliwe.

139 Futhi ngiyabona manje, ngizwa into endala igqugquza phezu kwesitaladi, iphuma ibheke ngaseKalvari. Futhi ngisabuka, kwakukhona uMfo omncane, iBhayibheli lathi kwakungekho buhle ukuba siMfise, Wayenesiphambano emahlombe aKhe, neGazi lenze imishwe emhlane waKhe, no—nomqhele wameva wokwenza inhlekisa ebusweni baKhe, namathe amasosha anonya, adakiwe elenga ebusweni bakhe, ehudula ehla ngesitaladi, isiphambano esidala sihudula izinyathelo ezinegazi zoMthwali.

140 Lapho Eqala ukwenyuka intaba, ngibona ingubo yaKhe nje icwile eGazini, lisaphazeka ezinhlangothini zomlenze waKhe, ukubona okungekho-muntu owake wazi ukuthi lokho kwakuchaza ukuthini owayengakubuka futhi ahlale efana. Wayelapho-ke.

141 O, udeveli njalo wayeMngabaza, udeveli wayecabanga ukuthi Wayengumprofethi nje. Udeveli wayeqinisekile ngaleyonkathi, ukuthi lowo kwakungumprofethi nje, ngoba, "UNkulunkulu wayengake aze avumele kanjani umuntu othize aphimisele ngamathe ebusweni baKhe na? UNkulunkulu wayengake ashaywe kanjani kuze—kuze kusale udende na?"

142 Ngani, kwakuyisizathu esifanayo ukuthi Kwakungebe ngumprofethi, Kwakungebe yiNgelosi, Kwakufanele kube nguNkulunkulu. Ubani ofikela ukuzozingela umntwana waKhe olahlekile ensimini yase-Edene na? Ngabe Wathumela iNgelosi na? Ngabe Wathuma umprofethi na? Wafika Yena uqobo. Wafika kanjalo-ke uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni kuMuntu weNdodana yaKhe, uJesu Kristu.

143 Nangu Enyuka igquma, edonsa isiphambano. Naleyonyosi yokufa iqala ukubhuza ngakuYe, ithi, "Ngi—ngi, niyazi, ngimbonile phezulu *lapho*, wangicaphunela omunye umBhalo, kodwa ngiqinisekile manje, akalutho kodwa ungumuntu, ngoba, bukani, uNkulunkulu angavumela umuntu othize amkhafulele ebusweni baKhe futhi azedlulele ngakho na?"

144 Wakwenza ngenxa yakho. Wakwenza, Wayengadingekile ukuba akwenze, kodwa Wakwenza ngenxa yami nangenxa yenu. Wakwenza ukuze Angcwelise futhi asihlanze esonweni,

Angahle asinike isibonelo sokuthi sizithobe kanjani, nokuthi singaphila kanjani ngokufanele, ukuthi sinikela kanjani esinye isihlathi, noma uhambe imayela lesibili, noma—noma unikeze ijazi umfowethu obelidinga. Wenza lokho inkolo eyayiyikho, inkolo kaJehova, Wa—Wa—Wayenayo kuYe.

145 Futhi nango Wayelapho, enyuka igquma. Ngiyayibona leyonyosi endala yokufa, iMzungeza, iMbheka kahle, yathi, “Bukani lapho. UNkulunkulu ubengake abe yilokho na? Bekungaba ngu-Emanuweli lowo na? Impela qhabo, bekungeke, Ubengasoze avumela omunye umuntu amkhafulele ebusweni baKhe, bese ebeka umqhele wameva wokwenza inhlekisa phezu kwekhanda laKhe, futhi aMnike intonga yamanga yobukhosi esandleni saKhe, futhi ashaye umhlane waKhe waze waba uginindela. Niyazi ukuthi lokho akulutho kodwa umprofethi, ungenzele inqwaba yenkathazo, ngakho impela ngizomthola emizuzwini embalwa eKalvari.”

146 Ake ngikutshele, mfowethu, ngenkathi enza ukubhuza kwakhe futhi waMtinyela eKalvari, kukhona okwenzekayo. Ngenkathi egxilisa lolodosi enyameni ka-Emanuweli . . . Niyazi lapho inyosi itinyela ngokujulile, ikhipha udosi lwayo lapho ifika. Futhi ngenkathi etinyela ngalesosikhathi, watinyela ukwedlula umprofethi, watinyela u-Emanuweli. Kwakuyini na? Washiya isitinyeli sakhe phakathi lapho.

147 Namhlanje, ekholweni elingumKristu eliza ngaphansi kwaleloGazi Alichitha lapho eKalvari, ngaphansi kwenhlanganyelo yobuNkulunkulu, eyangempela, iVangeli eligcwele, inhlanganyelo yePhentekoste, nezibusiso zePhentekoste, nezibonakaliso zePhentekoste, nePhentekoste iyaphila, izingxenye ezingahlukaniseki zePhentekoste, lapho ungena ngaphansi kwalokho, ukufa akusenalo udosi, kungabhuza futhi kubhuze.

148 Ngazi iJuda elinonya, elinekhala eliyihhuku, ngesinye isikhathi, elimunyu nelingenandaba, lakhanda ngamatshe uStefanu, lalisendleleni yalo lehlela eDamaseku ngolunye usuku, futhi lawela ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu. Kwenzekani na? Lafika endaweni laze langena kuleyonhlanganyelo yobuNkulunkulu neNdodana kaNkulunkulu.

149 Futhi ngoluny’usuku ezansi eRoma bababakha iblokwe yomhlatshelo ukuba banqume ikhanda lalo, ukuba libulawe esidlangalaleni ngaphansi kukahulumeni wamaRoma, futhi ngenkathi selilungele ukufa, leyonyosi yehla yase iqala ukuhhumuzela ngakulo. Kodwa niyazi ukuthi lathini, lathi, “O nyosi, luphi udosi lwakho na? O thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.”

150 Kwakuyini na? Ngisho nangehora lokufa kwalo, lalisalokhu libambe leyonhlanganyelo elaliyithole enhla lapho kulesosibusiso sePhentekoste.

151 Bonke abafundi bePhentekoste owayephezulu lapho, wayigcina leyonhlanganyelo ngqo kwehle njalo ngezilingo, izinhlupheko, akukho okwakungabahlukanisa nothando lukaNkulunkulu olwalukuKristu.

152 Futhi namhlanje, sinye kuphela isisekelo senhlanganyelo yoqobo yangempela, leyonhlanganyelo yinhlanganyelo yeVangeli eligcwele. Lapho umuntu esedlule emanzini okwehlukanisa, waqonda iGazi lokuhlanza, bese engena eNkazimulweni yeShekina, khona-ke usukweyangempela, umPhentekoste wangokoqobo, inhlanganyelo yeVangeli eligcwele, khona-ke awunamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba lingamandla kaNkulunkulu kube yinsindiso kulowo nalowo okholwayo.

